896.39861 VILA

**Amal' ezulu**
*Clouds*

African Treasury Series
IsiZulu poetry

© BW Vilakazi
© Illustrations and design Nolwazi Educational Publishers (Pty) Ltd 2005

All rights reserved. No part of this publication may be reproduced, stored in a retrieval system, or transmitted in any form or by any means, electronic, photocopying, recording, or otherwise, without the prior written permission of the copyright holder or in accordance with the provisions of the Copyright Act, 1978 (as amended). Any person who does any unauthorised act in relation to this publication may be liable for criminal prosecution and civil claims for damages.

First published by Wits University Press in 1940
Revised edition 2008

15

3 5 7 9 10 8 6 4

Published by
Macmillan South Africa (Pty) Ltd
Private Bag X19
Northlands,
2116

Typeset by Dtpoutcomes cc
Cover design by Deevine design

ISBN 978-0-85320-016-1
WIP 0637M002

Printed by Paarl Media KZN, Pinetown, KwaZulu Natal. 031 714 4700
5449

# Okuphakathi

Ikhasi


1. Ugqozi ..... 1
2. Imbongi ..... 2
3. Umthandazo wembongi ..... 4
4. Okomhlaba kuyadlula ..... 5
5. Imfundo ephakeme ..... 7
6. Wo, ngitshele mntanomlungu! ..... 9
7. Yin' ukwazi? ..... 11
8. Wo, leli khehla! ..... 12
9. Ukuhlwa ..... 14
10. Inyanga ..... 15
11. Ukuthula ..... 17
12. Nayaphi? ..... 18
13. Ngoba ... sewuthi ..... 21
14. Izinsimbi zesonto ..... 23
15. KwaDedangendlale ..... 26
16. Imifula yomhlaba ..... 32
17. UMamina ..... 41
18. NgoMbuyazi eNdondakusuka ..... 49
19. Ezinkomponi ..... 56
20. Sengiyakholwa ..... 61

# 1. UGQOZI

Emasangweni akwaDukuza,
Emzin' omkhulu kaNcaba,
Ngem' othangweni ngakhuleka,
Ngakhuleka laze layoshona.
Kwaqhamuka insila yenkosi,

Yangiyal' ukuba ngilinde.
Kwangen' emakhalen' am' iphunga,
Kwakhany' engqondweni yam' efiphele.
Kwafika kim' uMnkabayi emuhle,
Wangithatha phansi wangiphonsa phezulu.
Ngabon' umlindi-masango evula,

Ngangena ngishwaben' ulimi,
Ngahlala ngaphakathi kwakho Dukuza.
Angikwazang' ukubonga njengobabamkhulu,
Ukudabuka nezinhlungu angikuzwanga.
Ngenaba ngazicabanga ngiyinkosi;
Ngalala, ngaphupha ngeny' imini

Ngingaphandle kwamasango kaDukuza.
Ngamfun' uMnkabayi ngangambona;
Ngawabuk' amasango ngawabona,
Ngawabon' evaliwe noDukuz' esefile.
Lwagcwal' umlom' ulimi lwami;
Ngathi ngiyakhuluma ngayisimungulu,
Kanti sengintshontsh' amandl' ezimbongi.

Namhla kangikwaz' ukuthula noma
Lapho ngilele ngikwesikaBhadakazi,
Ngivuswa nguMnkabayi ethi kimi:
"Vuka wena kaMancinza!
Kawuzalelwanga ukulal' ubuthongo.
Vuk' ubong' indaba yemikhonto!
Nank' umthwal' engakwethwesa wona."

## 2. Imbongi

Olukaban' ulim' olukhuluma
Lunyakazise imithambo
Yezinhliziyo neyamakhanda
Ezilwane nemithi nenhlabathi;
Okhulumela kude naseduze,
Kodwa kuvele kufane;
Okhuluma ngivuka nanxa ngilele,
Nokho ngivele ngimuzwe?

Olwembong' ebongel' abangekho,
Nelembong' ebongela ngisezwa.
Ngizw' ikhuluma phans' entshonalanga
Laph' imililw' ebomv' iqhamuka khona,
Nalapho kungephuzela khona
Amalangab' omnyama nokwesaba,
Nalapho kuphuma khon' uqwembe
Lwembes' umhlaba ngezinkanyezi
Eziqakamba ngivuke ngigozobale.

Mbong' ubong' umhlab' usakhasa,
Wakhula won' umhlaba wema,
Wadlubulunda ngaphambili,
Kodwa wena Mbongi walikoza
Ngokubonile nokuzayo,
Ubikez' abaphansi bamathongo
Abakuthume ngolimi,
Thina sikhuluma ngekhubalo.

Konje ngabe yim' engikhulumayo,
Noma ngabe nguwe Thongo likaMbongi?
Ngabe ngizwe kahle noma ngiyahlongozelwa?
Ngingakazalwa umhlaba wawungenandlela;
Ungaziwa, ungaqondakali, ngawubamba.
Ngizwe umemeza, Mbongi, phambi kwami,
Wangihola ngodondolo ngingaboni, ngabona.
Ngidedele ngibonge, ngivul' indlela nami
kwaMhlaba.

## 3. Umthandazo wembongi

O, Dloz' elisezulwini,
Wena Lukhoz' olubuthise
Amaphiko emafini!
Ufihlen' emphefumulweni
Wesintu, olukhipha
Ngekhono lamathalente
Ezimbongi zemibala
Yomhlaba nezulu,
Lapho zihay' izibongo,
Zishukumbisa ingoma,
Zishaya ngemiqangala
Engiyizwe ifihlwe
Ezicakafini zabeLungu
Beshay' imishini yabo?

Zingifak' umona,
Ngishishimezwe ubunjonjo.
We, maNyanda kaZulu!
Vusa nakithina,
Sizwe sikaSobantu,
Esiyimisebenzi, yezandla zakho,
Izingcwet' eziphilel' inhlokomo
Yomphefumulo neminjunju yenyama:
Zibamb' iminyibe yezulu namafu,
NjengoShubethi noBithovini noPinsuti.

## 4. OKOMHLABA KUYADLULA

Shay' ingoma we Mamlambo!
Shay' ingoma yemilambo
Emnandi kodw' ingakulethi
Ukuthokoza kwemizimba!
Kuphel' igcwalis' izinkamba
Zamehl' abukayo, nendlebe
Ethul' ilalele ngomunyu.

Huba we Nomkhubulwane,
Hub' ingoma yezilwane!
Inyon' eyodw' ikhala endle,
Ihlwelw' ifikelwe ngumnyama,
Ishay' ubala ngezimpiko,
Ingazi laph' iqonde khona.
Unjal' umphefumulo wami.

Shay' ihlombe we Ncazane
Likhaliphe ngenhlokazane!
Ngoba nezandla ziyathamba,
Zithi ziyaphakama ziwe
Laph' uNokuf ' esefikile,
Exegisa yonk' imithambo,
Nehlombe licim' okomlilo.

Giya nawe Ntonjambili
Naphakathi kwamabili!
Ngoba nesikhova somnyama
Sinjengedlozi lakwaMhlaba,
Sibik' ingoz' iseza kude,
Sibik' uthand' oluvuthayo,
Lungaze luficwe ngukoma.

Nami ngisin' okwengwazi
Kusin' amakhwazikhwazi.
Nginogqozi lugidizela
Njengezinyawo zamabutho
Edlul' egibel' injomane,
Izigi zilokhu ziyile,
Zicisha ziyoshabalala.

Yin' impilo yomuntu, we Muntu?
Ayinjengamahlamv' emith' eluhlaza?
Njengephupho olizw' ulele, ulalele,
Kodw' uvuke selishabalele njengomoya,
Kodwa kusale unandi lokuphupha,
Nenkumbulo yobuthongo bukuzume phansi,
Nokuvakashel' ezweni lamathongo, phansi
kwaButhongo.

## 5. IMFUNDO EPHAKEME

Uma ngibheda ngangicabanga
Ngithi ngiyothol' ukujabula
Uma ngigogodana nencwadi,
Ngiqaq' amafind' abhaliweyo,
Ngiwachaza njengoba ngibona.
Namhla ngizwa kuqaqamb' ikhanda.

Sengachith' isikhath' esiningi
Ngiphendulana namaqabunga
Ezincwad' ezibhalwe ngumLungu,
Ngihlezi ngedw' ubusuku bonke,
Kuze kucish' ukuphum' ilanga.
Namhla ngiqaqanjelwa ngamehlo.

Ngavakash' izimbong' ezimnyama
Zihay' imiqondo yamakhosi,
Nezinye zibong' utshwal' emsamo.
Ngafak' ukuhlakanipha kwazo,
Ngakudiya nokwezabamhlophe,
Namhla zixaben' ekhanda lami.

Ongaqondi lutho ngalezi zinto,
Nozilalel' ubusuku bonke
Engafundi lutho kuze kuse,
Engamaz' uSiza noSisero,
NoShaka noNgqika noMshweshwe,
Namhl' uyathokoza ngenhliziyo.

Esakhula nabo bangafunda,
Ngihlangana nabo bangeyise.
Ngithi lapho ngishay' unobhanqa,
Bona baqhamuke ngezimoto,
Bathuquz' uthuli bangishiye.
Namhla banjengamakhos' omhlaba.

Ngibe ngisathe nginokuyeka,
Ngicosh' imvuthuluk' esemikhondweni
Yawontanga yeth' abami kahle,
Ngifumane ngisakhulekiwe
Yizona zisinga zokufunda.
Ubumina buyangigqilaza.

Namhla ngicabanga ngesikhathi
Lapho sesigugile saphela,
Ngiphuthaz' ezikhwameni zami,
Ngizwa ziqhubushile izincwadi,
Zingilandela noma ngiyaphi.
Ake ngibon' ukuthi zithini!

Ngibon' amagam' esizwe sonke.
Amehl' amadloz' angibhekile;
Amathong' abeke nezihlangu,
Alalele ngaphansi komhlaba,
Athi mangingene ngikhothiswe
Ukhamba ngoba ngingakhohlwanga.

Ngikhothe ngadla ngabek' ethala,
Ngibekel' usapho lwakwaZulu,
Lusale lukhoth' ezincwadini,
Luxabane lodwa luchazana
Nezint' engazibhala ebusuku,
Ngingazange ngizisukele ngibhale,
Ngibeleselwe yinina mathong' ohlanga,
Ningixabanis' ingqond' ebusuku.
Kuleyo nkathi ngiyobe sengafa.

## 6. Wo, ngitshele mntanomlungu!

Wo, ngitshele mntanomlungu!
Ungiletheleni lapha?
Ngingen' amadol' angisinde,
Ngicabang' ikhanda lizule
Ngibona kuhlw' emini,
Ilanga liphenduk' inyanga.

Wo, ngitshele mntanomlungu!
Ngizongenaphi kulezi zindonga?
Obabamkhulu bathi sebefa
Angolala phansi kotshani kwaGuqa,
Lapho ngihuqwa yintuthu nomule,
Ngidl' izinkobe ngithambise ngomlaza.

Wo, ngitshele mntanomlungu!
Ngothi ngiphi bengiphi nginje?
Isikhumba sami siyangiceba,
Ulimi lwami lona luhle
Nom' abanye bethi luyangehlisa.
Ngibulewe ngalo ngiding' ukwelashwa.

Wo, ngitshele mntanomlungu!
Ngilahleke nje ngangiyaphi?
Izindonga zezindlu zinde,
Zishona phans' emhlabathini,
Zikhoth' amafu phezulu.
AmaMboza kwaNodwengu
Akazange akubone lokhu!

Wo, ngitshele mntanomlungu!
Yini yonke len' engiyibonayo?
Izinsika zingangobabamkhulu!
Ngithi lapho ngizibheka
Ngizw' amajuba kwelenyoni
Ekhonyis' okwawomalunda.

Lapho ngibona konke lokhu,
Namhla ngikholwa ngempela
Ngilahlekile, ngizogana.
Isizwe sikaSobantu
Singibophel' inkatha yenkangala,
Sithi: "Thwala, usikhonzele njalo."

## 7. Yin' ukwazi?

Ngitshele mngane!
Kuyin' ukwazi?
Ngigqoke kahle,
Ngiphath' induku,
Ngiqwal' umgwaqo,
Ngidl' ezibomvu?

Ngitshele ntanga!
Kuyin' ukwazi?
Ngukuy' esikoleni,
Ngifundane nencwadi!
Ngize ngiphum' impandla
Ngipheny' amaqabunga?

Ngitshele mame!
Kuyin' ukwazi?
Ngukuba yisikhulumi,
Ngibatshazwe yizwe lonke,
Ngichazane nemithetho
Ngingenal' ulwazi lwayo?

Ngitshele baba
Kuyin' ukwazi?
Woza mfana wami
Ngikudons' indlebe:
"Khuluma kancane
Wenze kakhudlwana."

## 8. Wo, leli khehla!

Zinesithunz' izinwele zakho!
Zibik' imigwaqo yeminyaka,
Ziland' inkambo yobudala,
Zingivus' umunyu nomona.
Ngiyazifisa, zingisus' isizungu.
Linenzulu lelokhanda lakho!
Ngibe ngiyafak' ubhoko ngizwa
Ukujula kwalo, ngingagquli phansi.
Naw' ulokhu wathula ungangazi,
Nami kulukhun' ukukusukela
Ngingakwazi, kodwa ngiyakuthanda.

Endlebeni yakho ngibona lapho
Kwahamba khon' uphawu lukaZulu.
Namhl' iziqhaza zokuhloba
Uzikhiphile wazilahla phansi;
Awazi nalapho zasala khona,
Namanxiwa lapho zawa khona.

Emehlwen' akho ngifund' usizi.
Nentshengul' obhema ngayo
Ngiyibon' ikukhiphis' unyembezi
Emehlwen' akho achiphizayo.
Umqondo wakho kawusekho lapha,
Namehl' akho abuka kude.

Kukude ezihlangwini zawoShaka
Phansi ezizibeni zikaDukuza,
Lapho amanzi ezonzobele khona
Ngamakhand' amadoda nemizi yawo:
Nawo asengwevu njengawe phansi.

Njengob' ugqolozele nje, ngiyabona
Ukhuluma nezingengelezi zikaZulu.
Chathazela min' engizobhala phansi
Okuzwayo nokukhulunywayo nokubonwayo
Ezweni lezimpunga nelokhokho.
Ngilangazel' ukuzwa nokuqonda.
Nom' ungangiphenduli nsizw' endala,
Zinesithunzi izinwele zakho,
Ngiyazithanda, zingivus' umona.

## 9. Ukuhlwa

Sengiyabon' ukuthi sekuhlwile,
Izintaba sezithibe amathunzi,
Ilanga selibomvu njengesibhuda.

Izinkonjane sezicashile,
Nomoya wolwandl' usuthule.
Phezulu ngibon' amalulwane.

Imigwaqo seyikhanyisiwe.
Ngiyesab' izinswelaboya,
Sezalukil' ukuzingela.

Lapha kakukho tshani.
Kukhon' uthuli lwezindunduma
Olushuquka luya phezulu.

Lapha kakukho mfula
Wokucash' izingxangxa,
Kuphume nezizinzi.

Kuphela kuyaphethuzela
Sekubuywa emisebenzini.
Yebo kuyasiqoq' ukuhlwa!

## 10. INYANGA

Nyanga, muhlekazi womnyama,
Wen' owaditshaniswa nenyanga!
Yathi yon' ithwal' izikhwama,
Yetsheth' izimpondo nemigodla,
Wena wawenyuk' uy' ezulwini.

Wen' omuhle ebusuku
Laph' abanye bemathunz' amzizi,
Uhlangane nabo bakusinde.
Kodwa wena ma uqhamuka,
Kuqin' amadolo ngihambe.

Ngikubonile ngisekhaya
Ungiphumele phezu kwethantala
Lamanz' emisinga yolwandle.
Ngama ngaphuthelwa kuhamba,
Ngakhex' umlomo ngadla ngamehlo.

Obab' omkhulu bakubon' uphuma,
Ugqolozela umhlaba kanje,
Uphuphis' abalel' ubuthongo,
Ufunz' izimbongi ngamazwi,
Ziwaqephuze zikhihliz' amagwebu
Asik' imizwa yomphefumulo kuphela.

Nami ngifunze Nonyezi,
Nyezi wemingcwi yokusa,
Obuhle bakho buqhamuka
Phezu kwamadamu emifula,
Nasohlazeni lotshani bezintaba.

Wen' odud' izithandani
Engizibon' emizin' emikhulu
AbeLung' abayivus' emathanjeni
Abantwana bakaZulu noXhosa
NomSuthu. Ngithi ma nami ngithi
Ngiyaphuma ngidonswa okudonsa
Umunt' ophila enozwelo lwemvelo,
Ngithuke ngikhalelwa zinsimbi.

Ngiphakele nami kuleyo ndebe
Ongiphakela kuyo lapho
Ngikhumbul' ekhaya, ngibon' amahlathi,
Ngibon' izigodi ezimbiwa imichachazo,
Ngizwe ukuduma kolwandle,
Ngibon' ucansi lwamasimu akamoba,
Engiwakhumbula maqede ngibheke
Phezulu, ngikubone uliqand' elimhlophe,
Ngikhothame. Ngabe ngiyakwanga.
Pho!

## 11. Ukuthula

Uma thina sobabili singahlala lapha,
Sicambalale osebeni lolwandle nogu,
Ehlabathin' elimhloph' eligcwel' ufasimbe,
Lapho kugcwel' ukuthula komhlaba nezulu –
Yiyo lendaw' eyenza mina ngiqumbelane
Usikisiki lomphefumulo nonembeza.
Le ndaw' egcwel' inhlokomo, kuyo kubuthene
Konk' okuhle nokuphas' umphefumulo wami.

Kuyona ngizw' amazwan' abantu bekhuluma,
Abant' abahamba ngezinyawo nangomoya,
Abanye bentanta nangaphezulu kwamanzi.
Bayasikhohlisa bathi ngamahlengethwa,
Abanye balokhu benyakazisana nemithi,
Benyakazisana nezindwan' eziluhlaza.
Kuthi nxa siyobuza kuthiwe yiwona moya.
Ngiyabezwa bekhuluma, woza ungizwise.
Ngiyabathanda, bayangithanda, woz' uzizwele.

## 12. NAYAPHI?

Bangikhohlisile Mandlakhe,
Bathi mangihlale ngilinde.
Wena kaMakhwatha awuzange
Ubophe uhambe. Wasuka nje
Wanyamalala washiya konke,
Wavakasha noNomasomi.

Ngingen' endlini yakh' ekhaya,
Bathi kad' ulapha khona manje.
Ngay' eMgungundlovu,
Izindlu ngazifica zibomvu.
Kwathul' abantu kwakhuluma
Zona zathi: "Nangu nanguya!"
Ngashona lapha nalaphaya.
Ngathi ngiyokubona khathisimbe
Ulibel' esikolen' usebenza.
Kant' ufun' uNomasomi.

Ngingen' endlini yesikole
Izingane zathi: "Nang' uThisha!"
Kanti zisho ukufana.
Ngaqalaza macala wonke
Ngithi ngizokubona, Mandlakhe.
Ngabuza ezinyangeni,
Zaphenduka zabhekana,
Zangithela ngezinyembezi
Sezililel' uNomasomi.

Ngiphume phandle ngayofuna,
Ngifun' imigwaqo yomuzi,
Ngipheny' uMgungundlovu,
Izicaba nezibuko zawo;
Ngisho neTheku phansi
Emanzini aluhlaza
Lapho wazalwa khona.
Ngifune imini yaze
Yahwaqabala ubusuku.
Kant' uzothath' uNomasomi.

Ngihlale phansi kwemithungulu
Eluhlaz' ecash' izimamba
Ezidl' abantu nezinyoni.
Ngiphons' amehlo phakathi
Olwandl' olumagagasi,
Ngawabon' ejubelana.
Ngagqolozela phakathi,
Ngabona kude nibabili.
Kanti ninoNomasomi.

Ngangithi ngiyothi ngibona
Wena ubuthi qhamu.
Inyanga iphume ngiyibona,
Ngahlunga ngamehlo ngiyibuza.
Yathi ayizange inibone.
Ngakhwic' imikhono ngabuya.
Nenkosikaz' ethwel' izinkuni
Phakath' endilingeni yenyanga,
Ngayiqhweba ngayibuza.
Yangifulathela othulini lonyezi,
Yabhekuza yaya phambili njalo.
Ngathula ngagebis' ikhanda.

Bonke bayangikhohlisa.
Nawe uqobo uyangikhohlisa.
Uyangizuma ngilele,
Ungivakashele kwaButhongo,
Umlethe uNomasomi,
Ngoba waz' ukuthi lapha
Nginjengesiboshwa nesilima.
Uyabuya laph' udlala nami.
Ngithi ngiyavuka gubhubhu,
Ngibamb' umoya oqandayo,
Amehlo ami abamb' ufasimbe.

Uyangikhohlisa Mandlakhe.
Kodwa waphuma wayaphi?
Sengiqothuk' izinyawo
Ngiqabathek' endleleni,
Ngihambe nginifuna.
Kodwa naya ngaphi?
Pho, manje wamthathelani,
Wamebelani uNomasomi?

## 13. NGOBA ... SEWUTHI

Ngoba ngimamatheka njalo,
Ngikhombisa nokwenama,
Ngihlabelela ngephimbo,
Nom' ungifak' emgodini
Ngaphansi kwezinganeko
Zamatsh' aluhlaz' omhlaba –
Sewuthi nginjengensika
Yon' engezwa nabuhlungu.

Ngob' umlomo wam' uhleka,
Namehl' am' ebheke phansi, Ngifingqe ngabek' idolo,
Nezinwele sezimpofu
Zigcwel' uthuli lomgwaqo,
Ngipheth' ipiki ngesandla,
Neyemb' elingenamhlane –
Sewuthi nginjengedwala
Lon' elingakwaz' ukufa.

Ngoba njalo ngakusihlwa
Sengigumul' iketango
Lomsebenz' onzim' emini,
Ngihlangana nabakithi
Siyogadlela ngendlamu,
Singoma ngamadala
Asikizelis' igazi,
Kuphele nokukhathala –
Sewuthi ngiyisilwane
Esifa kuzalw' esinye.

Ngoba ngiwumngquphane,
Ngibulawa ukungazi,
Ngingaqondi namithetho,
Kodwa ngizwa ingiphanga;
Nendlu yami ngiyibeke
Ngaphansi kweziwa zetshe;
Utshani buyindlu yami,
Isaka liyisivatho –
Sewuthi ngiyisiduli,
Kanginalo nonyembezi
Olucons' enhliziyweni,
Luwel' ezandlen' ezinhle
Zamadloz' abuka konke.

## 14. Izinsimbi zesonto

Ngizwa izinsimbi zincencetha.
Lezo zinsimbi ngizizwe ngimncane,
Zikhula zingiphekezela
Phansi ezilubeni zolwandle,
Ziqubula kunyazim' amaza,
Zingiguqukele sezicula.
Ukucula kuye kunkenkethe
Phakath' emongweni wenhliziyo.

Lezi zinsimbi zikhala phezu
Kwamazala namalib' akwethu.
Kwethu bekundind' uZul' ebuka,
Ebukana nomtat' ucwebile,
Uyakazel' amanz' aluhlaza,
Uhlaz' olwang' imamba yemithi
Engiyibone ngaqhaqhazela,
Ngathi ngihlomile kanti ngize.

Ngibalekile ngacasha nhlanye,
Ngabon' umhlaba usimbuka wonke.
Kwath' esikhundleni sokushaywa,
Kushaywana namahaw' enkomo,
Ngezwa nina zinsimbi zomLungu,
Enikhale ngaqale nganengwa,
Nganengwa kwafuquza nolaka,
Ngagcwal' umusi ngaze ngabohla,
Ngabohla ngahlala phezu kwetshe.

Leza kim' izwi lenu zinsimbi,
Langigumulis' umutsh' omkhulu,
Langinik' indlu yemlenz' emibili,
Langibhec' emhlane ngamalokwe,
Ngawathatha ngisaphukazela.
Ndabazemkhonto ngikushiyile,
Gudulokubhenywa ngakulahla.

Namhla ngingumngquphane womhlaba.
Nginanto yinye phansi kwelanga;
Amehlo nezindleb' ezimbili;
Kokubili kufunz' inhliziyo.
Lapho ngithi nginokucabanga,
Nomqond' ohlaziy' okubonwayo,
Izenzo zomakhelwane wami
Zichith' ubuntu bemvelo kimi.

Ji! Kuhle ngihlale phansi ngibuke.
Mlungu, wahlule wachith' uZulu!
Ngiyakubon' ukujaja kwakho.
Ngihlekwa nayizindonga zakho,
Zisukum' emhlabathini, Zulu,
Zimi phezu kokuhlakanipha
Kwendumo yolwandle namathongo
Okuthiw' aphethe konk' ukwazi.

Khalani zinsimbi kusemnandi!
Ngizwa izwi lenu libubula,
Libik' umhlab' osuguqukile.
Lingikhumbuza ngenkaba yami,
Lingikhumbuza lapho ngiqome
Khona, ngaqom' eThekwin' olwandle
Ngingentombi yon' eqom' insizwa.
Ngikuvumile Theku ngakuqoma.

Ngikuqome njengoMameyiguda
Beshikish' indlamu eMsizini;
Ngakuqoma njengoShampeyana
Ephehl' umLungu njengobulawu;
Ngakuqoma njengoLuthuli
Ekhanyis' iLanga kwabamnyama;
Ngakuqoma njengomfo kaSamvu
Egogod' ubunyanga bomLungu.

Khalani zinsimbi zabeLungu!
Sebevukil' oMafukuzela,
Bancinz' umqondo womunt' omnyana.
Niyakhala kanivusi bona
Abanishaya benibhekile.
Nivusa thin' esicashe phansi
Kwemizizi yethunzi lomLungu.
Khalani! Kungani zinsimbi!

## 15. KwaDedangendlale

Ngikhumbule kus' ekhaya
Laph' ilanga liphumela
Phezu kwezintab' ezinde,
Lishone libomv' ezansi
Kuze kusondel' ukuhlwa
Nokuthul' okucwebile,
Laph' uphuma phandl' unuke,
Uhogele ngamakhala,
Uzigqum' umzimba wonke
Ngomoya wolwandl' omanzi.

Ngikhumbule nakwaQwabe
Ezweni lemikhambathi
Elinemivi nameva,
Lapho sigxumeka khona
Amaxhokovan' ezindlu
Sisingethwe yizintaba
Ezinamawa namatshe
Ambozwe yimbingcizane
Eluhlaz' enjengoboya
Bemvan' esanda kuzalwa.

Lapho sigingqika khona,
Sihuba njengemimoya,
Sikhwelana nemimango
Egamanxwe yimifula
Eholob' ibhek' ezansi
Lapho kungabuywa khona –
Bath' abadal' uma besho
KukwaLulwandl' olumnyama
Olugubhayo luveva
Selokhu bavul' amehlo.

Nami ngimile phezulu.
Ngiqoshem' eMkhambathini
Ngabuka phansi ezansi,
Ngabona kuthunq' intuthu,
Ngabuza ngingenalwazi,
Bangihlebel' endlebeni,
Bangikhombisa kusuka
Phezulu koMgungundlovana
Kudwebe kushon' eMhlali
Nangenhla kwaseMgundlovu.

Ngaqala ngamangala
Ngibon' amasim' amnyama
Ekhihliz' ikhab' ummbila,
Namabel' esevuthiwe,
Amajuba nezintaka
Zitshiloz' emagatsheni
Ziwenanel' ukuvuthwa.
Amehl' am' adonsekela
Phezulu kwezinkangala
Ngibona zikhwel' imingqangu.

Kuzo ngabona kukhwela
Izintokaz' ezimnyama
Zithwele amagobongo
Ziwayekelel' akhanda,
Nemizimb' icwebezela
Ngenxa yokuzicwengela
Zifun' udumo lwesizwe.
Ngemva kwalezi zinkehli
Ngibon' amashob' emile,
Nezihlangu zezinsizwa.

Ngabona nokushelana
Kwezintombi nezinsizwa.
Ngabon' amasok' enqoba,
Ziwakhunga ngobuhlalu.
Ngema ngafikelw' umona,
Ngaziduduza nganxanye.
Lapho ngibheka ngaphansi
Kwemiseng' ebiseduze,
Ngibon' imihlambi emihle
Yezimbuzi neyezimvu.

Phakathi kwayo ngabona
Abelusi beyinqanda,
Bayiqondis' emakhaya.
Ngabheka ngakwaLulwandle,
Ngahlangana nofasimbe,
Ngabethwa ngumoy' omnandi,
Wez' usondela ngemithi,
Ngalalela ngaguquka,
Kant' ilanga lishonile.

Ngabheka phans' emfuleni,
Ngabon' amanz' esekhanya,
Kwangath' asekhanyisiwe.
Kanjal' isithunzi sami
Naso savela phakathi;
Ngazibuka nganeliswa.
Phans' eMlazi noMkhomazi,
Uyovakashela khona
Uzibone lezi zinto.
Ziyokuvul' inhliziyo.

Amanzi ayokukhanya,
Ekhanyisw' izinkanyezi
Zasezulwini emafini.
Um' unenhliziy' egcwele,
Uyohlala phans' ubonge
Amathong' oyihlomkhulu
Akuzalela kwaZulu,
KwaBuhlebungayindawo,
KwaMfulisagcwelamanzi,
KwaTshanibuseluhlaza.

Imikhambathi yakhona
Nasebusik' iyathela,
Kant' imith' iphundlekile,
Kayinamandl' okuvuka.
Yebo, nami ngiyothela
Ngigcwal' amajikijolo,
Ngiyethe njengamasundu
Agcwel' izihlekehleke,
Ngay' inyanga yomkhambathi,
Phansi kwelakithi kwaZulu.

Ngiyokuma ngithi phuhle,
Ngifuzane nezintaba
EzikwaDedangendlale,
Ezinekhambi lobuhle
Engibone lidl' umLungu,
Wahamba wahamba wema,
Wamisa nemoto yakhe,
Waphuma wahlala phansi,
Wakhiph' igudu wabhema,
Wabuka waze wakhala.

Nami kaningi nginjalo,
Ngidakwa yilezizintaba,
Ngilahleka ngingatholwa,
Ngedukile ngezigodi
Eziqhakaz' izimbali
Zihlanganisil' iphunga
Leminduze namazibu
Aqhakaz' esizibeni,
Ahlobis' amanz' athule
Ecwebe ngohlaz' oluhle.

Ngidakwe ngaphuphutheka
Ngaze ngaficwa yinkungu.
Ngiphakathi namahlathi
Ngahlangana nezimfene,
Zangethusa zingikhuza.
Ngalalela kud' ongoqo
Banikezelan' igama
Abalicula ngokuhlwa.
Ngezwa kuvuka nezinye
Izilwane nezinyoni.

Ngabon' uzavol' engikha,
Ngasengel' abantabakhe.
Ngalala phansi kwenyanga
Ngibelethwe ngumhlabathi;
Isiphuku kungutshani,
Ngacamel' esiqundwini.
Ngashayana nengqimphothwe
Ngibukel' izinkanyezi
Ziphuma zishon' ezansi,
Nomthal' uguquka nezwe.

Ngiph' indaw' enjengalena
Wena Thongo likababa,
Lapho ngiyoba namandla,
Ngiqoq' umqondo kaZulu,
Ngiwuvalel' embizeni.
Ngihay' amahub' enkondlo
UShak' ayihay' enqoba,
Eqa kwaDedangendlale,
Ayagqule ngoKhahlamba,
Adl' uLangalibalele.

Ngikhumbuze ngobuZulu
Engibubona oThukela.
Ngiwel' eNdondakusuka,
Nakhona ngibhince bona.
Ngelul' amehlo phesheya,
Nalapho ngibon' ubuhle.
Sengathi ngabe ngideda,
Ngendlale ngiziphumuze
Phansi kwesundu nomunga,
Ngikhulume namathongo.

Nina mathongo nilapha,
Ningimema ngaseNtshangwe,
Ningikhombisa kwaBhota.
Nasezweni lamaQadi
Ngabon' uMafukuzela.
Wath' ephefumula ngadla,
Ngathi ngesuthi ngahlala.
Ngezwa ngoDedangendlale,
Ngaqalaz' eNtshonalanga,
Ngakhumbula kud' ekhaya.

## 16. IMIFULA YOMHLABA

Nans' imifula ngiyibona
Ihlakalele phambi kwami,
Inezinyawo njengabantu,
Ishay' uhel' ibhek' olwandle.
Ngiyayibuka ngiyihlola
Ukugwegwesa nokuqonda
Kway' ihamb' ingemi ndawo.
Ngiyihlolil' ekujuleni,
Ngazimelela ngodondolo
Olud' olubazwe ngenduku,
Ngayizwa laph' ingasashoni,
Sekuqhamuk' isihlabathi.

Kodwana mina nginowami
Owangivelela ngiqala
Ukuphum' emzini kababa,
Ngiyozakhel' umuzi wami.
Lo mful' ungilandel' iphupho
Elingifikela ngilele,
Lingihlebele onk' amashwa,
Lingixoxele namaphutha,
Lingiholel' ezithebeni
Zezinambathi namabele,
Linginik' umkhonto wokufa
Engiwuphonsa ungabuyi.

Ngiwuphonsa kubahlakazi
Bophahla lwendlu yamathongo,
AwoMakhwatha namaGovu.
KwaNdongaziyadum' eGoli
Bangene bezinyikinyela,
Kanti sebengen' ogageni.
Bahambe bethi bayaphila,
Kanti sekuhamb' imimoya;
Bawe ngokuwa bangavuki.
Ngiwubone lo mful' uhamba
Ubawahlela ngegagasi
Lomnyam' abazithele ngawo.

La ngiqabuk' ebuthongweni,
Nginyathela phezu kwekhanda
Labendl' echamisel' izitha,
Ngikhul' amaphik' anamandla,
Ngizizwe ngifana nokhozi,
Sengindize ngabon' uMvoti
Oza neHlimbithw' eMthandeni,
Unqum' uQwab' eMakhovane
Laph' uBhambatha kaMancinza
Wawuncel' amanzi ngobhaqa,
Washaya wacashel' umLungu,
Waye wabanjwa phans' eNkandla.

Ngithe ngikulandel' olwandle
Ngakhangw' amanzi adungekile.
Ngawaland' umkhondo ngafika
Ngabon' amakhand' amadoda
Ekhanden' okwesivivane.
Ngaguqa ngedolo ngabuka;
Ngabe ngiyathe kwathi khuhle.
Ngaqalaz' umphansi nomzansi,
Kodw' iso labon' ithantala
Lamanz' aluhlaza ehuba,
Nezwe lifukum' amahlathi
Amnyam' acinen' ugagane.

Ngase nginqamanq' uThukela
Olungawelwa ngazinyawo,
Luwelwa ngekhanda lendoda.
Kulo kwacwil' amankengane
Amhloph' avel' eNtshonalanga
Enezintshebe nemihanga.
Kwacwil' amnyama namabheshu,
Kwasal' izinjob' emsingeni,
Zatholwa zileng' emhlangeni.
Sazikhomba ngeminwe zonke,
Kanti-k' uLangalibalele
NoZwide wasemaNdwandweni.

Ngikhuphuke ngamanz' omfula,
Ngezwa kusinw' eNingizimu,
Ngezwa ngoShaka kwaDukuza,
Ngezwa ngoShak' uMlambongwenya,
Ngambukel' ekwaBulawayo,
Namanz' oThukel' abukela.
Ngabhek' eNyakath' oPhongolo,
Lwafike lwangiphic' ikhanda
Ngokugobhoz' eNtshonalanga.
Ngem' eziqongwen' oBombo,
Ngaphezu kwaseMdedeleku,
Ngakhangwa yiSangqu ezansi.

Naso sibhek' eNtshonalanga,
Siwelwa pheshey' izindlovu
Ezigitshelwa ngamaLawu
Nezizwan' ezikhath' ibovu.
Ngicashe ngemigwenya ngema
Laph' othekwane bezibuka
Bengaphazanyiswa yilutho.
Ngabon' izigqimbazanyana
Zipheth' ulim' oluyimpithi,
Zangicashela zatshobela
Emigedeni phansi kwewa,
Ngakhwel' emthini ngaphumula.

Lingibuyele futh' iphupho,
Langinyenyezel' endlebeni,
Langenyula phansi kwengubo,
Langikhombisa oLithiwa
Behalazela phezu kwezwe
Bebeleth' isizukulwane
Sezizwe zonke zikaMhlophe,
Zigeza ngamanz' eSangqu,
Ziphaqul' izinsila zazo.
Safika thina bakaMnyama,
Sawuthatha wonke lo mnyama,
Wakhungela phezu kwekhanda.

Yonke le miful' iyanyelela,
Idlul' amanxiw' amadala.
Nezife namasim' ommbila
Asaz' aphenduk' amafusi.
Nezimvula zamb' amageba;
Kulezo ndawo sekwakhula
Imbuya nezinhlomantethe.
Noma kunjalo le mifula
Iyanyonyoba ngezindlela
Ezigandaywe ngehlabathi
Elihuluka liy' olwandle,
Lingene lingephind' emuva.

Yimiful' emikhulu lena,
UThukela nal' uPhongolo.
NoMzimkhul' ufulathelene
NeSangqu sigobhozela
NgaseThalant' eNtshonalanga.
Kinina mifula ngibone
Amanz' eklwel' ephendl' igazi.
Ngabuka ngancinciz' ikhanda;
Ngabuka imifanekiso
Yawobabamkhulu befa
Bemanangananga yinhlamvu,
Bengomothel' emahawini.

Ngiyibonile le mifula,
Ngadavuz' ezihlabathini
Ngima ngihabul' amanzi.
Ngime ngithi khimilili,
Kududuz' inhliziyo yami,
Ngiyizw' indlalek' ucansi
Ngokwethab' okunenjabulo.
Ngiya phambili nginodude,
Ngikhab' amanzi ngezinyawo
Ehlakazek' amaconsana.
Ngingenamandl' okuwabala,
Nganeliswa ngubuhle bawo.

Neminye nginay' imifula
Engiyizw' emphefumulweni,
Ngiyicabanga emphefumulweni, Ngiyicabanga ngiyifunda
Njengamanz' aseTemusi
Agijim' imikhumb' emide
Ekhonyisa njengemikhomo
Izula phakathi nolwandle
Ikhwif ' amanzi emakhaleni.
Kanjalo ngibon' izinyoni
Ezingogilonci zintwela
Zigobis' izintam' ezinde,
Zihlobe ngamaphik' amhlophe.

Phakath' enhliziyweni yami
Ngibuk' umfula wemihlola
Ophakathi kwelamaNdiya,
Uqhum' emkhathini wentaba
Elujingejinge lomqongo
Olubizwa ngeHimalaya.
Esizalweni salo mfula
Ngibon' izigog' eziningi
Zizozibik' emadlozini.
Zingikhumbuz' elakithi
Emzini kaGilawoti
Njalo 'ma kuqal' unyaka.

Njalo ngiye ngiphindele
Emfuleni wemicabango,
Ngibon' iNayel' eGibhithe.
Ngiyibonela kud' iphuma
Emkhathini wezibilini
Zezwe lama-Afrik' amnyama,
Lapho kwadabukel' igoda,
Zahlukan' ungiyohlukana.
Zididiyel' eNingizimu
Wanengwa wazifulathela,
Walubangisa eNyakatho,
Wabusis' abaseTopiya.

Ungidid' umqondo ngema,
Ngaqalaz' amacala onke,
Ngaye ngabona phans' eKhongo.
Ngathungath' umkhondo wendlela,
Ngaye ngabon' emachibini
Abantwana bakaNanana,
EKhilimanjalo neNyanza,
NeThanganyika naseKhivu.
Ngehla ngidonswa ngumkhondo
Ngaze ngashayeka kwaZomba,
Ngabon' amanz' eseguquka
Aqonda ngaseMpumalanga.

Ngafuna ngabon' iZambezi.
Ngezw' indaba kaManukuza
Ogwazwe nguShaka wagxuma,
Wabaleka nomkhont' ehlombe;
Ngezw' indaba kaMzilikazi
Abath' uzalw' uMashobana,
Oweqe namadla kaZulu,
Waqunga ngaw' amaNdebele,
Wambel' umuz' eBulawayo.
Nami ngafika ngaphumula,
Ngahlab' ikhefu ngazihlola,
Ngihlol' uhambo lonke lwami.

Ngihambe ngabon' amahlathi
Ehamb' enciph' ededelana,
Nezihlabath' ezigudlene,
Namanz' agobhozel' olwandle.
Ngikhangel' isibhakabhaka
Secwebile phezu kwemithi,
Nezulu lihlomil' amafu,
Namanz' olwandl' abanethunzi;
Ngawabon' edidiyela,
Elakanyan' egubhazela.
Ngabuka ngisamangele,
Ngabon' imvul' iw' amaconsi.

Ngibone lina yonk' indawo,
Kwavel' imiful' emincane;
Nayo yagobhoz' okwayo
Iyongena koyisemkhulu,
Ishanel' igceke nethafa,
Igez' amaqabung' emithi,
Ivungama njengempukane
Ithekelisana nezinye;
Inyonyoba njengamasela,
Inqamula phansi komhosha
Lapho kukhul' izintandela
Neminy' imikhasaphansi.

Ngiyibon' eminy' imifula
Idilika phezul' ishaya
Phans' emadwalen' omile,
Iphenduk' impophom' emhlophe
Engiyibuke kwehl' amanzi,
Ngawaphatha kant' unyembezi.
Ngakhumbula kude kwaZulu
Lapho kukhula khon' umdlebe
Ungalandelani namfula,
Uthunqa njengembiz' eziko
Abantwana beyilindile,
Imilom' isigcwel' amathe.

Ngiyayizw' impophom' ilanga
Liyinhlamvu lisaphuma;
Ngivuke ngisayilalele,
Loze loshona ibekile;
Umnyam' uzibekele izwe,
Ulikhungele ngobuthongo;
Laph' imvul' iconsa phansi,
Iswakamis' emhlabathini,
Ishona phans' emagadeni,
Iyophemb' eminy' imifula.
Ngiyayibona le mifula
Ingilandel' emcabangweni.

Anginakuyahlukanisa
Namahlath' amnyama
Engiwabona njalo emi
Eyiphasile le mifula,
Eyilolong' ukub' ihambe,
Eyiphefumulel' iphunga;
Laph' izimbali ziqhakaza,
Zimem' izinyosi zomhlaba,
Nezimvemvane zamaganga.
Ebusuku ngiyayibona
Ikhamisil' ibhek' izulu
Eliyifunza ngezinkanyezi.

Ngibon' emining' imifula.
Ngisayibuka yonk' imihle
Ngenxa yamanz' ay' acwebile
Alokh' enyelel' ezansi,
Enganqamuk' elokh' ehamba.
Ngike ngiyibuk' ebusuku,
Ngivuke ngiyibhek' emini,
Ngiyilunguze nangenyanga,
Ngiyinyonyobele nelanga.
Noma ngiya ngayiph' inkathi,
Ngiyificile le mifula
Ingangicifeli namehlo.

Noma ngicabanga ngamuphi
Wayo yonk' imifula yami,
Ngifikelwa njal' ukwethaba,
Ngizwele umqond' ugobhoza
Ungenakh' ukuphazanyiswa.
Sengathi kukhon' amazwe
Agcwel' imifula yobomi
Ahlumelel' enhliziyweni,
Ayayiphas' isimelele.
Ngilokhu ngizibuza njalo
Ngale miful' engiyizwayo,
Ngizizwa nginokudangala.

Ngibuyel' emuv' emfuleni
Wethongo likababamkhulu
Elingilandel' ebusuku,
Langinik' umkhonto wokulwa,
Lathi mangingadlali ngawo.
Yebo wena mfula wephupho,
Ngiwubekil' umkhonto wakho,
Ngalalela ngezw' isililo,
Ngalunguza ngabon' umkhaya
Obuqond' ukungibulala,
Ngawugebisel' eveni phansi,
Ngezw' amanz' ebhadl' egwinya.

Sengiyonamathela kuwe,
Mful' onamanz' ongiyise kude,
Ngazula nomhlaba ngadela,
Ngakhathala wangilalisa,
Wangibheka phezu kwezitha
Ofika uzikhukhulele
Phans' emigedeni yokufa.
Le mifula ngiyoyikhonza,
Ngiyoyivakasha ngonyawo,
Ngehlis' ukoma ngamanz' ayo,
Ngibhem' insangu yamanz' ayo,
Ngiguqe ngibon' amathongo.

## 17. Umamina

Woza Mamina,
Woza selul' izinyawo siye laphaya,
Laphaya la kulihlane khona,
Lapho kuvuk' imithombo yamanzi
Ematisa amadwal' aluhlaza
Abushelezi ngenxa yesilele.

Musa Mamina,
Phuma sengathi uyokh' amanzi,
Uthwal' igobongo wehlis' umfula.
Uyofika sengiphansi kwezidoni,
Zithelile sezithe yeyeye,
Zimnyama zijuz' umpe.

Woza Mamina,
Uth' uwedwa ub' umpilimpili.
Ezakh' izindlela zinakaziwe,
Zihlunyelwa yizimbali
Oqhamuka zikhothame ziwe,
Zigebis' amakhand' enhlabathini.

Ngime Mamina,
Ngibuk' utshan' eceleni?
Ngibuzwa bunkwela, kukhal' udwani,
Lukubingelela mntanenkosi,
Nemvunge ngizw' iwakazela nakude
Ngezibonakaliso nemibal' eminingi.

Woza Mamina,
Uyinkosikazi yenhliziyo yami wedwa,
Uwedwa ekujuleni komphefumulo
Wam' okungaziwa; unjengobhaqa
Olukhanya luxosh' umnyam' exhibeni;
Uwedwa njengomkhumb' untwel' olwandle.

Uphi Mamina?
Ngiyakucinga ngikuphuthaza,
Izandla zami zibamb' umoya nobala.
Unjengesiboshwa, ukinatelw' enhliziyweni
Yomphefumulo wam' ongathi nyiki.
Unyakaza ngikuzwe, uphefumule ngizwe.

Woza Mamina,
Ngiyawubon' umzimba wakh' usuluza
Njengohlanga ludlaliswa amanzi,
Nekhand' elincane elintamo
Njengembumbulu yemamba yehlathi
Ihub' emagatshen' ingabonwa.

Yebo, Mamina,
Laph' unyathela ngikubuka
Ungikhumbuza phansi kwaNongoma
Laph' izintombi zingazalwa,
Ziqhibuka phansi njengamakhowe.

Mamina Mamina,
Usuzinikela kimina ngempela.
Lokhu kuzinikela kwakho kimi yimfihlo,
Kwaziwa nguwe nami, ngikufanisa
Nobuhle bemiqumb' eqhuma
Kusihlwa yangiwe ngamathons' amazolo.

Qhabo Mamina,
Akumazolo nabusuku bodwa.
NoNomkhubulwan' ukuzwile
Ngephunga lamakh' elikulandelayo,
Wakwengula ngesiphuku sakhe,
Wakulandela wakulondela mina.

Woza Mamina,
Wangibuka ntomb' enzimakazi
Ngajiyelw' ukuba ngiyoshonaphi,
Kwaxeg' amadolo zaw' izikhali,
Ngangenwa ngumunyu okwesilokazana
Abasifihl' enhliziyweni bath' uthando.

Hhiya Mamina,
Ngizozula ngibuye ngithini
Ngoba ngivukwa yikhamb' okohlanya?
Ngihlanya ngihamba ngingenabhungane,
Ngihawula ihungulo lamangwe,
Ngidakwa yimunyamunyan' okwenyoni.

Manje ngishay' inkondlo,
Ngiyayilandelisa nomoya,
Ngiyifafaz' igcwal' ingime,
Yengam' ilanga liphuma,
Izinze njengamathunz' ehlathi
Aguquka eshalazel' ilanga,
Liwacinge lize liyoshona.

Mamo! Nami ngiyakucinga, Mamina,
Ucash' esikhotheni somlalane;
Umlalane ngumphefumulo wami;
Kant' uyazizulela phakathi
Ucosh' umsobo nembuya nowowoza.

Akunkondlo yamahawu namawisa;
Ngithi ngivumel' igekle lakho
Engilizwe likhala kwelikaShaka,
Ngezwa ngalalela ngasengazi,
Ngabon' izindebe zakh' ezimnyama
Zilimumeth' igekle likhala,
Lingikhumbuz' ombalane behlathi.
Kwanga ngabe lidlalwa yinhliziyo
Yon' equketh' imicabango nozwelo.
Usungenze ngabangaka ngothando,
Kwabangath' angiyen' okaZulu
Phakathi kwenkatha kaSobantu.

Unginik' umgqik' ebandla,
Ngazibuka ngiphakathi kwezimbongi,
Izinxeleha zingengelez' ekhanda,
Naphakathi kwamasok' angenakufa
Ezizukulwaneni zezizukulwane.
Ungenza ngilunywe ngamatekenya,
Ngibhedle njalo ngingahlali ngithule.
Ngivumele ngang' imiyeko
Engiyibon' idilik' ekhanda lakho,
Ekufihl' ubuso ngingabuboni,
Kuphela ngibone kukhanya izimbulunga
Zamehl' omthakathi kaNtandose.

Ungibuke ngakhophoza ngayintshalantshala,
Kwaphenduka min' intombi kanti ngiyinsizwa,
Ngayomem' impi kaSonkomose,
Yangihlomis' ihawu neziqhova zentshe,
Ngeza sengisephuzela ngagadla.
Ngikutshath' emhlane wezimbabala,
Ngikukhethel' ezizibhelumhlophe,
Ngath' emnqoka ngabek' unkonka.
Ngikuhlalisil' esihlibhini sengca,
Ngaseluka ngomhlanga uphicwe nembubu,
Ngakushiya nokhamba luqhilik' amasi,
Ngagqizis' izinyawo zakho ngovovo.

Izithelo zasendle ezakho nami.
Ngikuqhulululele amaviyo neziphofu,
Ngakhamel' emlonyeni wakho uju
Lwamabhonsi namabhicongo,
Ngantwela nawe ngakugeza
Ezihlabathini zolwandle ingani
Ngibon' abanye begeza ngamanzi.
Uyangibuza Mamina, ngothand' olungaka
Engakufunza lona waluminy' okwamanzi?
Mamina, mntanenkosi, kangazi;
Kuphela ngisebenzis' izipho zamadlozi
Phezul' emoyeni, phans' emhlabeni nasolwandle.

Ngizibonil' izinsizwa zikweshela,
Ziza zithwel' amehlo zimonyozela,
Ezinye zihamba lugugube zizidla,
Zigqokile phansi zaphuma phezulu.
Ngiqhamuke ngazinik' amathuba,
Ngabon' imizimba yaz' ihwaqabala
Njengomangob' ethuswa yinja.
Ithunzi lesikhwele langisinda,
Ngezwa ngomnyam' ungithi gumbeqe.
Keph' izinkanyezi zamehl' akho
Ziwuphebezil' umnyama kwasa,
Ngezw' igekle lakho likhala, ngasondela.

Yebo, Mamina, ngililandel' igekle
Liyilokhu lishilo phansi kwamathunzi
Okuswelela kwehlobo ngasemsingeni
Wezinhlangano zeziMfolozi kwaZulu.
Ulishaye kwahlakazek' okuthi kuyinsizwa.
Wangilandela ngezwa kuvum' umabhengwane
Phezu kwesiduli ekubukela, ngama.
Nami ngayilalel' ingoma yakho,
Ngayibhanqa nekazavolo
Esengel' abantabakhe ngokuhlwa,
Nganconda ngesiqundu ngazibuza:
"Konje lolu thando lungimi naphakade?"

Vuk' umhlwenga phimbo lami,
Ungehlulwe yigekle lomhlanga.
UNkulunkul' ukunik' amalaka,
Nolimi nezindebe zokuphumesa
Iminjunju nemizindlo, nemicabango
Eqhuma emithonjeni yomphefumulo.
Uyokuthini kuyena mhla ufika
Phambi kwesigcawu sakhe namathongo,
Nxa wahlulekil' ukuwakh' umfanekiso
Wothando akubusise ngalo kwaMhlaba?
Dweba phans' okwaziyo nokuzwayo,
Ithongo lizokuhumushela ngosiba.

Yebo, Mamina, sengiyavuma.
Amathong' angethwes' umthwalo,
Ngiwuzwa ngiphapheme nakwaButhongo.
Ngithi ngizumekile ngixoxiswe ngawe,
Ngivuke ngokhel' ubhaqa ngiqoshame,
Ngiphenduke ngelul' isandla,
Ngikulolong' emagxalabeni.
Ngizw' ikhambi lingen' ekhanda,
Lingiphethul' ingqondo ngibamb' usiba,
Kanti sekuyilapho ngihay' inkondlo,
Ngiyizw' idilik' emafini nasemhlabathini,
Iqubuk' emzimbeni nasemkhathini womoya.

Manje ngiyabuza kuwe, Mamina,
Wen' engibon' ukuth' ungomunye
Wale mingcwi yamathongo
Engizulisa ngilele nala ngiphapheme.
Ngibuza ngisangene ngingazi:
"Kant' iZulu lamathongo liphi?"
Izinkanyezi nomfaba womkhathi
Ziyangigculisa okwesikhashana,
Ngidakwe ngivuke ngihambe.
Nezibankw' ezinamathel' odongeni
Zingikhumbuz' izithandani zizwana,
Kodwa nazo ziyaxabana.

Okwakho nami, wena Mamina,
Kwedlul' ingqondo, kuphith' abalozi
Becakaze phans' amathambo,
Begay' insulansula namangwe.
Uthi awungikhohlisi, Mamina!
Ngikubuza ngikugqolozele phakathi
Kwezinhlamvu zamehlo ngingaqwayizi:
"Uthi awuyen' omunye wamathongo?"
Mhlawumbe ulahlekile weduka,
Wath' ungena ngomnyango weZulu
Kant' uphambukela kwaMhlaba,
Uthuk' uwela phezu kwezingxabo zothando.

Wath' uwa ngakuxasa ngakwenyula,
Ngakumemel' emithonjeni yamanzi
Ivuzela phezu kwamadwala
Angulwe ngesilele sohlaza,
Ngakuphuzis' umpe lwezinyosi.
Sihlale phansi kwenhlalamagwababa,
Sayikha sesula ngobukhwebezane.
Ye! Sengishilo ngobukhwebezane!
Ubudlile walibala wakhohlwa,
Manj' akusenacala, usuyofika
Nami ungibeke phambi kwamathongo,
Uwanike le nkondlo yakho, Mamina.

Uz' uwafundel' amadlozi ngomhlaba,
Uwahumushele ngolimi lwakini,
Wen' owaz' ulimi lwethu sintu.
Uz' uwatshele ngezizib' eziluhlaza
Lapho mina nawe besiguqazela khona,
Walibala waze weqiwa uthando,
Ngakuhungel' esikhotheni somlalane.
Laph' ungishayel' amagekle,
Kwawakazel' iziwa zavul' amehlo,
Zababaza zivul' umlomo zingawuvali,
Zibon' inkanyez' iwel' emhlabeni.

Woza Mamina,
Uyinkanyezi yomphefumulo wami.
Uwedwa ezizibekelweni zemithambo
Edikizelisa inhliziyo yami.
Unjengomngqangu wamabuzi
Odabul' emlalaneni uqonde kude.

Yima Mamina,
Ngiyamthand' umalunkambu wakho.
Izintshod' ozigaxile ziyangihlanyisa,
Nezinwele laph' uzishay' impithi
Zijiyez' imvunulo yami ngiyifakile,
Ngizwe nginekhambi njengohlanya.

Woza Mamina,
Izingane zebele lakho zinozwela.
Woza siyozicoshel' umsobo nowowoza.
Lokhu yikhona kudla kwamathongo,
Akuphathelwa malemba njengomboni.
Kwehle nawe wangifundis' ukukudla.

Woza Mamina,
Ngizwa ngifikela yisizungu.
Lo mhlab' angiwuzw' awunasiphephelo.
Ngidonse siye kwelakini, Mamina,
Siyoqhekeza le mfihlo yothando ngiyazi.
Mamina, ngiyazi njengamathongo.

## 18. NgoMbuyazi eNdondakusuka

"Phambili maqhaw' amakhulu!
Neno Mantantashiya!
Sondela kimi mnewethu!
Khona ziGqoza zagqolozela!
Akusekude, kubudebuduze!"
Kwash' uMbuyazi weziGqoza
Epheth' unhlekwane wakhe,
Ekhomba phambil' othulini.

Luthuli lwabhek' ezulwini,
Ngacikic' amehlo ngibheka,
Ngabuka kwehl' izinyembezi.

"Phambili maqhaw' amakhulu!
Ngizwe Mantantashiya!
Isihlangu sami siyangisinda.
Sibhek' ingabe yiso ngempela.
Ngiyashoshozela ngoManembe
Onik' uCetshway' amazembe,
Kant' ubab' ungibekile,
Wangethwes' ubukhos' ekhanda."

Ngibukile futhi ngema,
Ngagem' esiyaluyalwini,
Kwamenyezel' umkhonto.

"Phambili maqhaw' amakhulu!
Ngizwa kufudumal' igazi,
Izigi zezitha ziza kimi.
Woza Mantantashiya,
Uzobhek' ihlombe lami,
Nami ngibhek' umhlane wakho.
Uyahlab' uguquk' ukhasa,
Nami ngivuk' uvuka nensizwa."

Kwathi klebhu, kwathi mbo,
Omunye wakhala ngenkomo yakhe,
Omunye wadliwa wagilwa.

"Phambili maqhaw' amakhulu!
Nant' uThukel' ezansi
Lugcwel' amagagasi
Angang' oninakhulu;
Lusiphul' izindwani,
Lukhukhula nezigodo.
Kodwa lungakhukhul' iziGqoza na?
Ngeke, Ndlov' enesihlonti, ngeke!"

Wezw' ushibedabe, sabanikwa,
Wezw' ubabaleka, phansi phansi.
Kwaqethuka izishaqaba nemishibe.

Ngaguquka ngabhek' inkundla,
Inkundla yonke yaseNdondakusuka,
Ngafikelwa yisiyezi nomnyama.
Ngawuqalaza wonk' umphakathi,
Ngawubon' ugway' ungayekethisi,
Kodwa phezulu kwezicoco zawo
Kuhlel' ifu lizonzobele,
Liqung' ubumnyama nokufa.
Ngalikhwifa ngilikhomba
Ngonhlekwane kababamkhulu,
Ngabona lithi damu, ngabonga.

Yebo, ngiyambon' uManembe,
Ngimbon' eguqe phezu kwesihlangu.
Leso sihlangu ngiyasikhumbula.
Ngake ngabona kucamele kuso
Itakas' elinjengebhoyi.
Nawe Manembe usihlomulile,
Wasithumb' ezintingweni zelawu,
Wasiloyel' uCetshwayo.
Uyiyengile yayengeka,
Wayidonsel' oPhathe
Lapho kundonda khon' amadoda.
Wazibalekel' izinkangala
Lapho kukhula khon' izinqawe.
Umdonsil' umntanenkos' oThukela,
Wamndondis' ukusuka,
Wamlutha ngamakhubal' amnyama.

Umlethil' emachibin' ezindlovu
Ezithath' abantabakaNanana
KaSelesel' owakh' endleleni,
Ebhidle ngabomu ngokwethemba,
Ethemb' ubungqamungqosho.
Umlethil' eziweni zaseDlokweni,
Kwacwila bheshu kwacwila sicoco,
Kwandiz' amanqe phezulu.

Ngaphakath' eNdondakusuka
Namhla kundiz' ufasimba
Olwelek' indawo ngenkungu
Eqithika phansi naphezulu
Kukhal' imicu yotshani.
Nezindwani zezimbali
Ebezithi ziqhakaz' ubuhle,
Ziyayetha ziphel' amandla.

Kuhelez' umoya phezulu
Uhashaza unginik' isizungu,
Ngibone nemith' ishayana ngamakhanda
Kuhebez' amaqabunga namagatsh' ayo.
Konke kuyafuna, kumangele,
Kuyanukan' okunye nokunye
Ngethambo likaMbuyazi.
Akekh' ovumayo, kuyaphika konke.

Nemithin' emanzini
Nezingweny' uqobo lwazo,
Ngiyile ngazibuza ngomlomo,
Zangibheluzela zakhamisa.
Ngakhuzwa nayizinhlansi,
Zangikhalel' ezimaconsi.
Ngabuya ngisong' izandla,
Ngaququd' amazinyo ngahlala.

Ngiqwashile phakathi kobusuku,
Ngalunguza ngezibhobo zomhlanga,
Ngabon' indingilizi kaNyezi.
Ngaphakathi kwayo ngabon' umfazi
Ethwel' inyanda yezinkuni.
Naye ngambuza, wanek' izandla,
Wangikhomba phambili kwaMthala.
Nakhona ngafika ngabon' oZinkanyezi.

Wangibuz' obukayo ngigcugca,
Wangibuz' isibind' esingaka,
Ngaphendula ngakweq' amehlo.
Wangiphulul' emhlane,
Ngezwa kumil' amaphuzuphuzu.
Ngelul' iminwe ngaphuthaza,
Ngezw' umqondo wam' uhlaziya,
Ngaqond' engingazange ngikwazi.

Ngezw' emahlomb' ami
Izimpundu zamaphiko zimilile.
Ngezwa ngisukwa ugqozi
Lokundizel' emoyen' emafini.
Kanjalo-ke ngafik' eNkanyezi,
Ngaphoth' intamb' ende
Eqond' ezulwin' emathongweni.
Ngapulukushela ngangena.

Kakudinganga nokubuza.
Kwahlangan' amehlo ngabheka phansi.
Nezinkanyezi zazaz' engize ngakho,
Zangiphendula ngamaconsi,
Amacons' ehlayo emehlweni.
Ngasondela ngakhongozela,
Kodw' izandla zami zagongobala,
Ngathint' okungathintwayo.

KwaMhlaba ngike ngikhongozele
Izinyembezi zabafelokazi,
Ngiphathe nezezintandane
Ezikhala zome ngathi zingafa.
Kodwa zonke ziwele kimina,
Ngazizwa zifudumele zishisa.
OkwakoNkanyezi kungiphithile,
Nanamuhla ngibamb' ongaphansi.

Ngafikelwa ukuthuthumela,
Ngaqalaza macalan' onke.
Ngezw' inhliziyo yam' ishaya,
Idikizel' ofwini lwesifuba,
Namaphaphu ami abhakuzela.
Ngaguquka ngathi ngiyafulathela,
Ngezwa ingalo ingiqhweba.
Ngaguquka ngabheka khona.

## 19. Ezinkomponi

Dumani mishini yezinkomponi,
Nidume ngesokusa lize lishone.
Ngizovuka, musani ukungibelesela.
Dumani mishini ningalaleli
Ukugquma kwezisebenz' ezimnyama,
Ziqaqanjelwa ngamanxeb' omzimba,
Nezithubula zomoya zifuthelene,
Insila yomjuluko inuk' emzimbeni,
Inqulu yenu niyithintitha kuthi do.

Memeza mfan' omdala kukude,
Kukude lapho wabunjwa khona,
Washisw' emlilweni, kwavuthwa
Wena kwasal' amalahle wathunyelwa,
Sakubon' uwel' amanz' olwandle.
Wathwalwa ngononjinjikazi bezwe,
Bakushushumbisa bakusa laph' eGoli.
Wakhala mhlathize kwaqhamuka,
Kuvela macal' onke izimbila.

Izimbila zabambala mnyama,
Zaswel' imisila, wazithatha
Wazigqum' emgodini wazisenga.
Guqukani masondo ezinsimbi,
Nalethelwa thina naboshezelwa
Kungekuthanda kwenu nokuzimisela.
Namhla niduma nilokhu nidonse njalo.
Abanye benu ngibabona begqwalile,
Sebalahlwa ngaphandl' emazaleni.

Lapho ngidlula ngendlela,
Ngiyaguquka ngibheke
Ngicabanga ngithi niyozalana,
Khathisimbe nande; kodwa qha.
Abanewenu nabo bayagqwala
Ngaphakathi ezinkomponi.
Amaphaphu abo aya ngokugqwala,
Bakhwehlele balale bafe.
Pho, nina anikhwehleli ngani?

Ngizwile kuthiwa emgodini
Kuy' izizwe ngezizwe zikaMnyama.
Yizo lez' ezivus' amagqum' amhlophe
Amangalis' amathong' amnyana.
Ngizwile kuthiwa kwakhala
Imishini kwavela mbib' emnyama,
Emqondweni wayo kuhlwile khuhle.
Yabanjwa yaphendulw' imvukuzane,
Yavukuz' umhlabathi ngabon' iGoli.

Yebo, zivukuzil' izimvukuzane
Kwavel' izindundum' ezimhlophe.
Zafukuzela phansi zakhwela,
Namhla zingangeSandlwana.
Ngizikhwela ngesul' isithukuthuku,
Ngithi ngiphezulu ngibon' izikhatha
Zentuthu emhlophe yothuli isuka
Phans' ezinyaweni zami, ngibheke,
Ngiyibon' ivimb' umhlaba wonke.

Dumani mishini yezinkomponi,
Dumani kakhulu nakakhulu.
Vimbezelani ngomsindo singezwakali
Nakuba sikhala sigquma njalo.
Amalungu emizimba yethu adliwa yini.
Gegethekani mishin' emidala,
Kuhle nisihleka sifuquleka.
Amandl' enu makhulu niyesabeka.
Ningenza ngokuthanda kwenu, siyavuma.

Sivumile ukuphum' eqhugwaneni,
Sazoluswa njengezinkabi;
Sashiy' amabele namasi nobisi,
Sazohlalel' uphuthu nephalishi.
Buphelile ubunumzane, singabafana.
Siyabona izwe lishay' ungqimphothwe.
Sivuswa ngesokusa sim' uhele.
Wake wakubonaph' ukungcwatshwa
Ubheke ngawo omabili, uzihambela?

Dumani mishini yezinkomponi.
Ngiyavuka kanginwabuzeli.
Ngizongena phansi komhlaba
Ngiyoshay' ijombolo phezu kwetshe.
Naw' ongaphandle ongangizwayo,
Uyobona ngakho ukuthi sengiyalishaya
Ijombolo lomLungu laph' ubona
Amagaliga nezingolovane ziphuma
Zigcwel' amatshe amhlophe naluhlaza.

Umfoweth' uyolithwal' ipiki,
Nehalavu alibek' ehlombe
Efak' amagqukel' ezinyaweni.
Nay' angen' angilandele,
Umhlab' usigwinye siyovukuza.
Uma ngifile khona ngaphansi
Kuyoba nani?
Ngingubani nje nempela?
Kwasa kusa, mntanomuntu,
Bayagingqika begenuka ngibuka.

Ngingene ngaphansi kwenhlabathi
Kungekho mibhoshongo ekhwele
Engiyibuka ngigebenyeke.
Ngathi ngiyagoduka nemithwalo
Ngashayw' amahlanga namanxiwa,
Ngenway' ikhanda ngisangene.
Ngabuz' umkami nabakhwekazi,
Bangitshel' umLung' engimsebenzelayo.
Ngathula ngawuhlab' inhlali.

Dumani mishini yezinkomponi.
Noma nikude kwaDukathole
Amazw' enu ahlabay' emphefumulweni;
Ayancencetha ezindlebeni zami,
Anjengensimbi yethus' izwakala kude;
Angikhumbuz' imibhoshong' emide
Nemicebo, nezicebi engizikhuphulile
Zenyukel' endlin' engenhla, zangishiya
Ngigxiz' amanzi njengengcuba yenkomo.

Khalani kancane mishini,
Um' umLung' engenagazi lomunyu,
Naw' usungenza njalo nsimbi!
Musan' ukuduma ezinkomponi.
Ake nilalel' esikushoyo nathi,
Ngoba funa singanithetheleli
Ngalowo muhl' engingawaziyo,
Mhlazane kuthiwa, zinsimbi,
Seniyizigqili zethu bant' abamnyana.

Yenzani kahle noma ngivathazela.
Kuzona lezi zingadlwana ngeny' imini
Kwake kwazululeka izijul' ezimbi,
Engazizwiba kwafiphal' umhlaba,
Kwanyakaz' umbuso weNdlovukazi,
Kwancipha abakaPewula, kodwa ngadliwa.
Ngiya ngiphupha njalo, mntanensimbi,
Ngiphuph' umhlaba wawokhokh' ubuyela
Ezandleni zamanxus' amnyama.

Namhl'anginandawo yokulala
Phansi kwethunzi lemicebo.
Umhlaba wawobab' ulele ze,
Uding' abokuwulima ngihlezi ngibuka.
Nom' inkece nginganayo yokuthenga
Ngibuyis' inhlabathi yawobabamkhulu,
Kodw' amalungelo kanginawo.
Bhekani mathong' aphezulu naphansi,
Ningengilamulele kule ngcindezi?

Phans' ezweni lawobabamkhulu,
Izwe lamathongo ngamathongo,
Kuthiwa ninamandl' angedlulwa.
Ma nikhuluma noNkulunkulu
Akabheki mbala wesikhumba.
Elam' igazi lophela phansi,
Lishe yilanga lijiy' ihlule.
Ngisebenze ngikhuleke kini,
Ngingatholi nampendul' encane.

Izwe lenu mini nayizolo,
Liyaphangwa yimikhulutshane;
Selicebis' izizwe ngezizwe.
Kodwa mina nabendlu yakwethu
Emnyama asinalutho lutho.
Siphuma phandle sibon' utshani
Buluhlaza njengamal' ezulu,
Siqalaze lapho simemeze,
Wo! kodw' anisiphenduli.

Dumani mishini yezinkomponi.
Izandla zami seziyaqaqamba,
Izinyawo zami sezivuvukele,
Ziyafutha, kanginazo nezithobo;
Izihlungu zabeLungu zibiz' inkece.
Dumani ningangibangeli msindo.
Lukhulu ngilwenzel' amakhos' amhlophe.
Umphefumulo wam' uyangisinda.

Dumani kancane kengilal' ubuthongo,
Ubuthongo bokucimez' amehlo,
Ngingacabangi ngelakusasa nokusa.
Ngish' ubuthongo bokulala ngivuke kude,
Kud' ezweni lamathongo nokozela;
Ubuthongo bokulala ngingavuki
Ngisingethwe yizingalo zawokhokho
Phans' emahlungwini ezulu.

## 20. Sengiyakholwa

Sengiyakholwa ukuthi sewafa,
Ngoba noma ilanga liwukhanyis' umhlaba
Ngibon' ekusen' izilwane ziklaba,
Ziziphunga ngamashob' anenhlali,
Emhloph' okwezinkomazi zakith' eMhlali,
Nokho sengike ngabona kuhlw' emini.

Sengiyakholwa ukuthi sewafa,
Kwangihlwel' emini ngoMandlakayise.
Ngabe ngiyathe ngincenga bangiyise,
Bangithela ngamanz' ezinyembezi, Ngambon' elele bengakamembesi.
Ngalibon' iphupho liz' emini.

NangoNomasomi kwabanjalo.
Izinkanyezi zamehlo zacimeza,
Wabanda wehlulw' ukuzifudumeza.
Mina ngema ngaqhaqhazela izingalo
Ngilunguz' ubuso bakhe buhwelela,
Nobuhle benqaba bangifiphalela.

Ngingekholwe kanjan' ukuthi sewafa
Um' umgwaqo wakho uvulekile,
Ngibon' iminyaka yonk' ubhudulekile?
Wena kungathi wahamba umnyang' uvuliwe
Khon' abanye beyophuma sengathi badiniwe,
Kanti sebelandela wena bangabuyi.

Ababuyi, wena weqhawe laseMzwangedwa.
Bavalelisa ngime bangishiye ngedwa.
Abanye ngibabeke kwaGulukudela,
Lapho umnyama uthule ubagubudela;
Abanye ngibatshala eMhlathuzane,
Lapho befukanyelw' izikhukhukazana,
Ngoba ngizw' insimbi yengelos' incencetha,
Ibavus' ekuseni beyokhuleka baqenqetha.
Ngibabon' ilanga ezansi libomvu,
Ngababona lisemagqumen' ezibomvu.
Izibomvu ezansi noMhlathuzane
Ngizibonile zikhanya ziphikisana.
Ngalalela phansi komthomb' omkhulu
Lapho kulel' uFrans' ubabamkhulu,
Ngezw' izwi lithi: "Shayan' ingelosi
Ebusika nasehlobo ikhal' ingalingozi!"

Kanjalo sengidelil' ukuthi sewafa,
Ngoba ngibona kimi kuqothuk' ekhanda
Izinwele zobusha, izimvu zingikhanda,
Zinginik' ukuzotha nophawu lobudala
Engalubona kuwe uyimpung' usukhathala.
Emva kwalokho waya ngokuya ushabalala,
Nami ngaya ngikubona kancan' unyamalala.

Namuhla sengiyakholw' ukuthi sewafa,
Ngoba kwaButhongo ngiyakubona
Uza nenhliziy' enokuphola,
Ungiweza ngamasango namazibuko
Obuhlakani nezindlela zenkalipho;
Nodondolo lwakho ngiluzwa lugqula
Phambi kwamehl' ami ngingakuboni.
Nginjengempumputhe ngamehl' omzimba.
Yebo, manje ngiyakholwa sewafa,
Wanyamalal' ungunaphakade.

# Amal' ezulu

African Treasury Series

UBenedict Wallet Vilakazi yingqalabutho ekubhalweni kwezincwadi zezinkondlo esiZulwini. Leli qoqo lakhe nelashicilelwa okokuqala ngonyaka we-1945, lingomunye wemisebenzi enohlonze nebalulekile emlandweni wezinkondlo zesiZulu. Iqhawe lakoMphephethe ligiya licikoza ngezinkondlo ezisezingeni eliphezulu kuleli bhuku. Iningi lezimbongi zanamuhla lisebolekа ebucikweni bale ngwazi. Leli bhuku lethula izindikimba ezibalulekile empilweni yomuntu. OkaMakhwatha akahayi nje ngemvelo kuphela kodwa ubuye adingide indaba yokudlelana kwabantu abamnyama nabamhlophe ngezikhathi ayephila ngazo.

Ubuchule, ubungcweti bokukhetha amagama kanye nobunkondlo abusebenzisayo kusezingeni lomhlaba. Okuningi asipotshozela khona eguleni lendlebe yizinto ezisenzeka ngisho nanamuhla lokhu. Akumangalisi ukuthi leli bhuku lingelinye lamabhuku angeke aphelelwe yisikhathi, liwumkhusu wezizukulwane ngezizukulwane ezizayo. Ingcabha inawe mfundi, uzobhema ukholwe!

Le ncwadi iphinde yakhishwa njengengxenye ye-*Reprint of South African Classics Project*, ngezilokotho zoMnyango Wezobuciko Namasiko ubambisene noMtapowolwazi Kazwelonke WaseNingizimu Afrika.

arts and culture
Department: Arts and Culture
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL library OF SOUTH AFRICA

www.macmillan.co.za
ISBN 978 085320 016 1

MACMILLAN

WITS UNIVERSITY PRESS